Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Dweba umugqa emuva kwesiqephu ngasinye.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.

6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

### KHETHA KAHLE ISIKHUNGO SEMFUNDO EPHAKEME

1 Abafundi kubalulekile ukuba benze isiqiniseko sokuba bazinikeze isikhathi esanele sokwenza ucwaningo ngezikhungo zemfundo ephakeme abafuna ukufunda kuzo ngaphambi kokuphothula umatikuletsheni. Ukuzakhela igama elihle kwenyuvesi kubalulekile ngoba yikho okuheha abafundi. Okumele abafundi bakuqaphele ukuba bakwazi ukukhetha inyuvesi ekhiqiza ongoti bezifundo abafisa ukuzenza. Ukuba ngungoti kungatshengiswa ukuvelela emsebenzini owenzayo, uze ugcine usudume izwe lonke. Yilokho-ke okugcina kwakhele inyuvesi igama elihle uma umfundi okhiqizwe yiyona esefinyelela kuleli zinga. Abafundi mabangakhethi inyuvesi ngoba bezwe amahebezi kwabanye. Khumbula ukuthi abaqashi abakuqashi ngenxa yenyuvesi ofunde kuyo kodwa bafuna ubufakazi bokuthi ungakwazi yini ukwenza umsebenzi abakuqashele wona.

2 Akuphoqelekile ukuthi abafundi baye enyuvesi kuphela. Ziningi izikhungo zemfundo ephakeme abafundi abakhetha kuzona. Abafundi bangafunda emanyuvesi anikeza ulwazi olujulile, amanyuvesi ezobuchwepheshe kanye nezikhungo eziqeqesha abafundi ngamakhono ahlukahlukene. Amanyuvesi anikeza iziqu akuqeqesha uze ugcine ungudokotela. Abafundi abaya ezikhungweni eziqeqesha ngokwamakhono (TVET Colleges) bathola izitifiketi futhi baqashwa kakhulu la okwenziwa khona imisebenzi yezandla. Ukuze umfundi amukelwe enyuvesi kufanele abe nebanga le-12 kodwa ema-TVET Colleges bakuthatha ngisho unebanga lesi-9. Akhona namanyuvesi akuvumela ufunde usekhaya uma ufisa ukuqhubeka nokusebenza. Asikho isidingo sokuvuka uye esikoleni noma uqashe eduze nenyuvesi. Ngaleyo ndlela umfundi angazikhethela isikhungo semfundo ephakeme afuna ukufunda kuso, kuye ngezifundo nezidingo zakhe.

3 Abafundi bangazikhethela ukufunda ezikhungweni ezizimele noma kulezo zikahulumeni. Izikhungo ezizimele azivunyelwe ukuzibiza ngamanyuvesi, nakuba zihlinzeka ngemfundo esezingeni elicishe lifane namanyuvesi. Kubalulekile ukuthi abafundi baqiniseke ukuthi lezi zikhungo ezizimele zibhalisiwe emnyangweni wezemfundo nokuqeqeshwa ngaphambi kokuba babhalise kuzo. Kanjalo nezifundo abazikhethayo ukuba bazifunde kuleso sikhungo ababheke ukuthi leso sikhungo sivumelekile ukuqeqesha abafundi ngazo.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Downloaded from Stanmorephysics.com


4 Kunamanyuvesi anophiko olulekelela abafundi ngokwezidingo ezinhlobonhlobo ezingaphakathi kuleyo nyuvesi. Kulolu phiko abafundi bathola ithuba lokwazi kabanzi ngezifundo abafisa ukuzenza nokuthi bangaphumelela kanjani ezifundweni zabo. La mahhovisi aphinde eluleke abafundi ngokwengqondo ukuze basizakale ngezinkinga ababhekana nazo okungabalwa ukudlwengulwa, izinkinga zobudlelwano kanye nezinkinga zasemndenini yabo abafundi. Lokhu kusiza ekutheni abafundi bangazitholi sebebhekene nengcindezi ezobaphazamisa ezifundweni zabo.

5 Abafundi abangenayo imali yokukhokha, bangaya ukuyoboleka imali kunoma yiliphi ibhange lakuleli. Abafundi bangaphinde bafake isicelo kwi-National Student Financial Aid Scheme kahulumeni, eboleka abafundi imali yokufunda. Lolu hlelo lokusiza ngezimali lenzelwe abafundi abangakwazi ukuthola imalimboleko ebhange noma umfundaze. Abafundi mabavakashele kwiwebhusayithi yalolu hlelo ukuze babone izikhungo ezinalolu hlelo nokuthi basifaka kanjani isicelo sokuboleka imali yokufunda. Izinhlangano ezinjengo-Eduloan nazo ziyabolekisa ngemali yokufunda. Lezi zikhungo ziboleka noma yimuphi umfundi ofisa ukuyofunda kunoma yikusiphi isikhungo sokufunda.

6 Amaphupho omfundi iwona awumhlahlandlela wokukhetha indawo azofunda kuyona ngoba kukhona izikhungo zemfundo ezisemadolobheni amancane noma emadolobheni amakhulu.U-Dkt. Nhlanhla wathi ukuyofunda edolobheni elikhulu kungayilola impilo yomfundi, aphume esekucijele ukuyosebenza edolobheni elikhulu. Abantu abangathandi impilo esheshayo kungabasiza ukuyofunda edolobheni elincane khona bezogxila ezifundweni zabo kahle. Impilo yasenyuvesi yehlukile kuneyasesikoleni. Kuba nzima uma usanda kuphuma emabangeni aphansi usuya enyuvesi. Imidlalo eyenziwa emanyuvesi ingasiza abafundi bazane kangcono uma besanda kufika. Abafundi abakhethe inyuvesi enemidlalo abayithandayo ukuze bazosheshe bathole abangani, bathole abantu abazofunda nabo baphinde bahlale nabo uma sebethathe ikhefu ezincwadini.

7 Into ozoyifundela akube oyithandayo nezokungenisela imali uma ususebenza. Ngakho-ke khetha iziqu ozokuthokozela ukuzenza. Uma ufisa ukuyofunda enyuvesi, isikhungo semfundo ephakeme ezimele noma enyuvesi yezobuchwepheshe, imiphumela yakho yebanga leshumi nambili yiyo ezosho ukuthi ungafundela, ungakhetha muphi umkhakha. Yiba neziqu ezahlukene emqondweni ongafisa ukuzifundela, bese ubheka izikhungo ezinalezi ziqu. Vakashela abakwa South African Qualifications Authority ku-SAQA.org.za ukuze ubone uhla lwezikhungo zemfundo ephakeme ongakhetha kuzona

8 Faka isicelo namuhla. Akufanele abafundi balinde kuze kuphume imiphumela yebanga leshumi ngaphambi kokufaka isicelo sokuyofunda. Imiphumela le umfundi avele esenayo, ingamsiza ukubekisa isikhala. Uma ungalinda kuze kuphume imiphumela ungaba sengcupheni yokuthi ufice isikhala singasekho. Khumbula ukuthi <u>isuka muva likholwa yizagila</u>.

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.1.1 Gagula okumele kwenziwe abafundi ukuzilungiselela ukuya ezikhungweni zemfundo ephakeme? (2)

1.1.2 Yethula ukuthi yini ebhekwa abaqashi uma befuna ukuqasha umuntu. Bhekisa impendulo yakho esigabeni soku-1. (2)

1.1.3 Nikeza OKUBILI okungumehluko phakathi kwamaNyuvesi anikeza ulwazi olujulile kanye nezikhungo eziqeqesha abafundi ngamakhono ahlukahlukene. (4)

1.1.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.

I-akhronimu yegama elithi National Student Financial Aid Scheme imele i …

A. NSFAS.
B. NSFSA.
C. NSAFS.
D. NFSAS. (1)

1.1.5 Chaza okufanele kuqashelwe abafundi ngokwesigaba sesi-3. (2)

1.1.6 Iyini inhloso yombhali yokushibhalela lesi siqephu? (3)

1.1.7 Kubaluleke ngani ukuba khona kwe-SAQA kuleli laseNingizimu Afrika? (2)

1.1.8 Kungabe kungumkhuba omuhle ukuba nabangani eNyuvesi ofunda kuyona? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.9 Ake uncome ikhono lombhali walesi siqephu ngokuphetha ngesimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sokugcina. (2)


**KANYE NO**

1.2 Bukisisa lezi zithombe zezikhungo zemfundo ephakeme ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBHALO B (OBUKWAYO)**




[Zicashunwe kwi-Internet pictures of universities]

1.2.1 Nikeza izikhungu ezibonakala ezithombeni ezingenhla. (2)

1.2.2 Nikeza amakhono atholakala esithombeni sesi-2. (2)

1.2.3 Qhathanisa ubudlelwano obuqukethwe ulwazi olutholakala esigabeni sesi-2 EMBHALWENI A kanye nalokho okukhonjiswe ezithombeni ezikuMBHALO B. (4)

1.2.4 Ungameluleka uthini umfundi ofisa ukuqala ibhizinisi ayeke ukuya esikhungweni semfundo ephakeme. (2)

**(10)**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQRPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) sikhuluma ngeqhaza labazali emfundweni yezingane zabo.

**IMIYALELO:**

1. Fingqa lesi siqeshana esikhuluma ngeqhaza labazali emfundweni yezingane zabo usebenzise amagama akho angeqile kwangama-80.
2. Fingqa **ngesigaba**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

Stanmorephysics.com

**IQHAZA LABAZALI EMFUNDWENI YEZINGANE ZABO**

Imfundo yokuqala yileyo etholwa yingane ekhaya ingakayi esikoleni. Lokhu kunikeza abazali isikhathi esanele sokuba baziqonde kahle izingane zabo ukuthi zithandani. Kuyenzeka ingane ikhaliphe ezibalweni enye ibe nekhono lokubhala ngobuciko kanti enye yenza kahle kwezemidlalo. Umsebenzi wabazali osemqoka ukuba baqaphele uma besiza izingane zabo ekukhetheni izifundo noma imikhakha ezilungele.

Umzali makayale ingane ukuba ikhethe izifundo ezithandayo nephumelela kangcono kuzona. Lokhu kugwema ukuthi ingane ingabi nengcindezi yokucinelela izifundo eziyihlulayo ngoba ifuna ukujabulisa umzali. Kuzokwenza kube lula ukufunda enganeni uma ifunda into eyithandayo nezikhethele yona.

Izifundo ezizokhethwa yingane makube yilezo ezihambelana nekhono enalo empilweni. Ngeke wathatha umuntu oyibhimbi uthi akafundele ezomculo. Nomuntu ongaphiwe ekusebenzeni ngezinombolo uthi akayokwenza izifundo zezibalo. Lokhu kungafaka ingane kwenkulu ingcindezi igcine isiphelelwe uthando lokufunda.

Umsebenzi wesikole ubuye ube mningi kakhulu futhi usinde enganeni. Ngakho-ke kubalulekile ukuba umzali azinikeze isikhathi esanele sokubheka izincwadi zengane yakhe. Lokhu kungayilekelela kakhulu ingane uma kukhona lapho yehluleka khona. Ingane kuyinika umdlandla ukubona umzali ezihlupha ngezincwadi zayo.

Kuleli zinga lemfundo emaphakathi, izingane zisuke zisesigabeni esivame ukuhlupha empilweni. Izingane zikholelwa kakhulu kubangani kunokukholelwa kubazali. Qaphela ingozi yokuthi ingane ikhethe izifundo ngokududana nabangani. Phela ukuthi niyezwana nomuntu akusho ukuthi niyafana. Okungamlungela yena kwesinye isikhathi ngeke kwakulungela wena.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Uma ingane isiqala ukufunda amabanga aphezulu inkonyane yethuka isisinga. Izifundo eziningi zisuke zizintsha kanti nendlela yokufunda nokufundisa isuke yehluke kakhulu kuleyo yasemabangeni ephuma kuwona. Umzali kumele athengele ingane yakhe zonke izinto nezincwadi eziyizinsiza kufunda zomkhakha ewukhethile. Lokhu kuzoyisiza kakhulu ingane kuyilekelele ngolwazi oluningi olungayithuthukisa kangcono.

Umzali makabe nobudlelwane obuhle nothisha bengane ukuze azi kangcono ngenqubekela phambili yengane yakhe. Lokhu kungasiza ukuqinisekisa ukuthi ingane iyakwazi ekwenzayo noma idinga ukwelekelelwa. Impilo yengane iba lula ingabi nazihibe uma ingane izozikhethela, ingakhethelwa umzali.Umzali makalalele uma ingane imtshela ngefisa ukuba yikho bese eyeseka ezifisweni zayo. Lokhu kungasiza ekutheni ingane ikhethe umkhakha othandwa yiyona, hhayi othandwa umzali. Ingane ingasebenza ngokukhululeka iphumelele ngoba yenza umsebenzi ezikhethele wona.

Ithathwe kwi inthanethi

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




Sithathwe kwi khasi le Facebook loKhoziFM

3.1. Gagula okukhangiswayo kulesi sikhangisi? (2)

3.2 Nikeza okufanele abenakho uzofaka isicelo. (2)

3.3 Chaza ngenhloso yokusetshenziswa kwegama elidetshelwe kulesi sikhangisi. (2)

3.4 Phinda ubhale umusho onosuku ngendlela efanelekile. (2)

3.5 Phawula ngezindlela zokuxhumana ezisetshenziswe kulesi sikhangisi. (2)

**(10)**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (UMBHALO OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




4.1 Nikeza okubili okuveza ukuthi kusegumbini lokufundela lapha? (2)

4.2 Kungani umsindo kulesi sikole ubemkhulu kangaka? (1)

4.3 Bunjani ubudlelwane phakathi kukaThishanhloko kanye nothisha wesifazane ma uqhathanisa izinkulumo zabo? Sekela impendulo yakho. (3)

4.4 Khetha impendulo EYODWA kulezi ezilandelayo. Sifengqo sini esiqukethwe yile nkulumo yalo mfana ethi: 'Saze safa umsindo'?

A Ihaba
B Isingathekiso
C Isenzasamuntu
D Isifaniso (1)

4.5 Phawula ngomuzwa ovezwa umfundi wesibiyelo esahlulile ,ubuso kanye nezandla zalaba bafundi, kukutshelani ngesimo abakuso? (3)

**(10)**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### UMBHALO F

**OMAKHALEKHUKHWINI BAYINKINGA EZIKOLENI**

Omakhalekhukhwini bathi bewusizo kepha bagcine sebeyisidina ezikhungweni zemfundo. Umfundi ufika nomakhalekhukhwini obizayo abukise ngawo kontanga. Kume nse ukufunda ngaleso sikhathi. Lokhu kuyabahlukumeza abafundi abahlwempu. Kwenza bazibone sengathi abathandwa emakubo uma bengathengelwanga bona labo makhalekhukhwini.

Uma belahleka noma bentshontshwa labo makhalekhukhwini, othisha baphenduka abaseshi. Kugcina kulahleka isikhathi sokufunda befunwa. Akuwona umsebenzi wothisha lo. Okungamukelekile ukukhala kwawo kuphazamiseke ukufunda. Kuyenzeka kube ububanibani kungena imiyalezo. Lapho umfundi usehleli ngesinqe esisodwa. Angaze acele nokuya endlini encane ukuze angaphuthelwe izindaba zoMaMgobhozi. **Laba bafundi bagcina sebebuka izithombe ezingemukelekile**. Uthi ejulukile uthisha efundisa bona abezwa lutho ngoba amehlo abo athe njo kule mikhuba!

Izikole eziningi sezithathe isinqumo sokuvala ukuphathwa kwabo emagcekeni esikole. Lowo oke atholakale nawo usuke esezidonsele amanzi ngomsele. Uyajeziswa noma **aphucwe** wona. Ngubani-ke osuke engadabukela umuntu ozigwaze ngowakhe?

Sithathwe kwi inthanethi

5.1 Sebenzisa igama elinomqondo ophikisana naleli elidwetshelwe emgqeni wesi-4 emshweni ozakhele wona. (2)

5.2 Shono ukuthi isakhi esidwetshelwe egameni elisemgqeni we-11 siqukethe mqondo muni? (1)

5.3 Gagula isisho esitholakala esigabeni sokugcina esichaza ukuthi umuntu uzifake yena enkingeni. (1)

5.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ozinikeziwe.
Isimo sokukhuluma esidwetshelwe emgqeni we-9/10 sichaza ...

A. akanaso isinqe.
B. akahlali azinze.
C. akanaso isikhathi.
D akahleli kahle. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


5.5 Yakha umusho ube senkathini ezofika eveza ukulandula usebenzise umusho odwetshelwe osemgqeni we-14. (1)

5.6 Emgqeni we-16 kunegama elibhalwe ngokugqamile. Phinda usebenzise leli gama emshweni ozakhele wona selikhomba umqondo owehlukile kunalo otholakala esiqeshini. (2)

5.7 Phinda ubhale umusho obhalwe ngokugqamile osemgqeni we-11 nowe-12 usuwuqalise ngomenziwa ukuze isenzo sibe sempambosini yokwenziwa. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 1**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo,lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele.Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UThoko/A(okuwuhlamvu oluphelele)

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

### 1.1 UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1.1 Ukwenza isiqiniseko sokuba bazinikeze isikhathi esanele sokwenza ucwaningo ngezikhungo zemfundo ephakeme abafuna ukuyofunda kuzo.√√ (2)

1.1.2 Babheka/bafuna ubufakazi bokuthi ungakwazi yini ukwenza umsebenzi abakuqashele wona.√√ (2)

1.1.3 Amanyuvesi anikeza iziqu ngokuqeqesha abafundi baze bagcine bengodokotela √ kanti izikhungo zamakhono zinikeza izitifiketi zemisebenzi yezandla/yamakhono.√ Amanyuvesi amukela abafundi abaphumelele kahle ibanga le-12 √kanti izikhungo zokuqeqesha ngokwamakhono zamukela abafundi abaphumelele ibanga lesi-9.√ (4)

1.1.4 A/NSFAS.√ (1)

1.1.5 Isigaba sesi-3 :Uma umfundi ekhetha ukuyofunda esikhungweni semfundo ephakeme esizimele makaqikelele ukuthi sibhalisiwe ngokusemthethweni √ futhi sinegunya lokufundisa lezo zifundo azikhethile.√ (2)

1.1.6 Ihloso yombhali ukufundisa√ ukuthi Umuntu makakhethe izifundo azithandayo nazokujabulela ukuzenza ukuze kuthi noma ehlangabezana nobunzima akwazi ukubhekana nabo ngoba lezo zifundo uzikhethele yena.√√ (2)
noma ukunika ulwazi√ mayelana nomehluko wezikhungo zemfundo ezahlukene Kanye nokubalulela kokwazi ukukhetha isikhungo esifanelekile√√ (3)

1.1.7 Ukuba khona kwe-SAQA kubalulekile ngoba yiyona eqinisekisa ubuqiniso beziqu kanye nezikhungo ezisemthethweni/Kubalulekile ngoba uSAQA ukunikeza uhlu lwezikhungo zemfundo ephakeme ongakhetha kuzona.√√ (2)

1.1.8 Kuwumkhuba omuhle ngoba usuke ukude nomndeni wakho nakubantu obajwayele. Ngakho-ke uyabadinga abantu ozophila nabo futhi babe usizo nasezifundweni okungenzeka zikunike inkinga. NOMA Kuwumkhuba ongemuhle ngoba ungahlangana nabangani ababi eningadudana nabo uze ugcine usuphazamiseka ezifundweni zakho okuyinto osuke uyizele lapho enyuvesi.√√
***Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa.*** (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.1.9 Umbhali usisebenzise kahle lesi simo sokukhuluma 'isuka muva likholwa yizagila, ngoba sikhuthaza ukuba abafundi bakhethe izikhungo kanye nokufaka izicelo zokuyofunda kusenesikhathi ukuze bangahlangabezani nembibizane yokuthola izikhungo sezigcwele.√√ (2)

**KANYE NO**

1.2 **UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2.1 I-UNISA√ Kanye ne Majuba college√ (2)

1.2.2 Esithombeni sesi-2 kubonakala ikhono lokwakha/unjinyela.√ Kanye nekhono lokusebenza nge khompuyutha√ (2)

1.2.3 Esigabeni sesi-2 kuyavela ukuthi abafundi bangazikhethela ukuthi bafuna ukufundela umsebenzi wolwazi enyuvesi noma umsebenzi wekhono kuma-TVET Colleges.√√ Lokhu kuyahambisana/ kunobudlelwane nokukhonjiswe ezithombeni ezikumbhalo B lapho khona abafundi besegumbini lokufunda enyuvesi kanye nabafundi abenza amakhono ehlukene eMajuba College.√√ (4)

1.2.4 Ngingameluleka ngokuthi akenze izifundo ekholiji ezihambisana nokuphathwa kwama bhizinisi ukuze abenolwazi olufanelelile.√√ noma ngingathi akaqhubeke nebhizinisi kepha abeneziqu ezizomsiza noma zimeseke ume ibhizinisi lingasahambi kahle.√√ (nezinye izimpendulo ezinembayo zizokwamukelwa) (2)

**[30]**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2**

| AMAPHUZU ACASHUNIWE | | AMAPHUZU OWABEKE NGAMAGAMA AKHO | |
|---|---|---|---|
| 1 | 'Umzali makayale ingane ukuba ikhethe izifundo ezithandayo nephumelela kangcono kuzona'. | 1 | Kubalulekile ukuba umzali eluleke ingane ukuba ikhethe izifundo eyenza kahle kuzona. |
| 2 | 'Izifundo ezizokhethwa yingane azihambelane nekhono enalo empilweni'. | 2 | Akube khona ubudlelwane phakathi kwezifundo ezikhethwe yingane kanye nekhono enalo empilweni. |
| 3 | 'Kubalulekile ukuba umzali azinikeze isikhathi esanele sokubheka izincwadi zengane yakhe'. | 3 | Umzali makakhuthalele ukubheka umsebenzi wesikole wengane yakhe ukuze ayikhuthaze. |
| 4 | 'Qaphela ingozi yokuthi ingane yakho ikhethe izifundo ngokududana nabangani'. | 4 | Ingane yakho idinga ukuxwayisa ngenkinga engabakhona uma ikhetha izifundo ilandela abangane bayo. |

Downloaded from Stanmorephysics.com


| | | | |
|---|---|---|---|
| 5 | 'Umzali kumele athengele ingane yakhe zonke izinto nezincwadi eziyizinsiza kufunda zomkhakha ewukhethile'. | 5 | Izidingo ezingaba izincwadi nokunye kokufunda kufanele umzali akuthenge ukuze ingane ifunde kahle lezo zifundo. |
| 6 | 'Umzali makabe nobudlelwane obuhle nothisha bengane ukuze azi kangcono ngenqubekela phambili yengane yakhe'. | 6 | Xhumana njalo nothisha bengane yakho ukuze uhlale wazi ukuthi yenza kanjani esikoleni. |
| 7 | 'Umzali makalalele uma ingane imutshela ngefisa ukuba yikho bese eyeseka ezifisweni zayo'. | 7 | Kusemqoka ukuthi umzali alalele futhi aseke izifiso zengane yakhe. |

**UKUFINGQA NGESIGABA:**

Kubalulekile ukuba umzali asazi isiphiwo sengane yakhe nezifundo eyenza kahle kuzona khona ezoyinika izeluleko zokukhetha izifundo ezihambisana nobunjalo bayo. Umzali kungamsiza ukungaziqhelelanisi nomsebenzi wengane kepha awuhlole ukuthi wenziwe ngendlela efanele yini. Umzali angayiqwashisa nangenkinga engaba khona uma yenza izifundo ilandela abangane bayo. Kubalulekile ukuba izidingo nezimfanelo zesikole zezifundo lezo ezifundwa ingane umzali azithenge. Kungumkhuba omuhle ukuxhumana nabafundisi bengane yakhe ukuze ezwe ukuthi yenza kanjani esikoleni. Ukulalela ingane komzali uma isho izifiso zayo kubalulekile ukuze ayinike usizo. (**inani lamagama-77)**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**INDLELA YOKUMAKA UKUFINGQA**

- **Ukwabiwa kwamamaki:** ○ amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa). ○ amamaki ama-3 awolimi.
  - ○ amamaki esewonke: 10.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - ○ 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini. ○ 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - ○ 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.
- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma bahlolwayo besebenzise amagama abo KANYE namagama acashuniwe esiqeshini:** ○ 1–3 amaphuzu acashuniwe **KANYE** namaphuzu ama-3-4 esebenzisa amagama akhe: nikeza amamaki ama-

Downloaded from Stanmorephysics.com


3 olimini. ○ 4–5 amaphuzu acashuniwe **KANYE** namaphuzu ama-2 esebenzisa amagama akhe: nikeza amamaki ama-2 olimini. ○ 6 amaphuzu acashuniwe **KANYE** nephuzu eli-1 esebenzisa amagama akhe: nikeza imaki eli-1 olimini. olimini.

- 7 amaphuzu acashuniwe: nikeza imaki eliyi-0 olimini.

**QAPHELA:**

- **Isakhiwo:**

Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele sihlolwe.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

**Amakhodi okumaka ukufingqa**

**OKUHUNYUSHIWE**

| | | | |
|---|---|---|---|
| H–4 | H–2 | H–1 | H–0 |
| C–3 | C–5 | C–6 | C–7 |
| L–3 | L–2 | L–1 | L–0 |
| **= 10** | **= 9** | **= 8** | **= 7** |

**OKUCASHUNIWE**

| | | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|---|
| H-0 | H-0 | H-0 | H-0 | H-0 | H-0 | H-0 |
| C-1 | C-2 | C-3 | C-4 | C-5 | C-6 | C-7 |
| L-0 | L-0 | L-0 | L-0 | L-0 | L-0 | L-0 |
| =1 | =2 | =3 | =4 | =5 | =6 | =7 |

**OKUXUBILE**

| | | |
|---|---|---|
| H–1/2/3 | H–4/5 | H–6/7 |
| C–0 | C–0 | C–0 |
| L–1 | L–2 | L–3 |
| **= 2/3/4** | **= 6/7** | **= 9/10** |

Umhlahlandela wokumaka

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. **ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA**:

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
- Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
- Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.

2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.

3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: A. UThoko noma A (okuwuhlamvu oluphelele)

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

3.1 Isikhangiso somsebenzi womdidiyeli wemidlalo yomoya (emsakazweni wokhozi) √√ (2)

3.2 Kufanele abe nolwazi√ Kanye nokufundela ukudlala nokukhiqiza imidlalo (certificate, diploma)√ (2)

3.3 Inhloso yokusetshenziswa kwegama “wakho” ukuheha abafundi besikhangiso nokukhohlisa okwenza abantu bazizwe beyinxenye yokhozi kube kwangathi olwabo kanti cha.√√ (2)

3.4 Ukwamukelwa kwezicelo kuvalwa ngomhla zi-5√ Nlangulana 2024√ (2)

3.5 Klesi sikhangisi kusetshenziwe indlela yokuxhumana yesimanje nesicelo usithumela nge- *email*√ nezinkundla zokuxhumana *Facebook, X instagram Kanye no ticktok* okuchaza ukuthi umuntu angakwazi ukuxhumana nabo ngezindlela ezahlukene futhi kalula.√ (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI.

4.1 Amatafula√ nezincwadi√ phezu kwawo,indlela abafundi abahleli ngayo√ Kanye nenkulumo kathisha wesifazane.√ (okubili kwalokhu) (2)

4.2 Yingoba isikole sakhiwe eduze kwesikhumulo samabhanoyi√. (1)

4.3 Ubudlelwane babo abubuhle√, ngoba baphikisana phambi kwezingane futhi abakhulumisani njengabantu abahloniphekile nabahlonipha umsebenziwabo√√. (3)

4.4 A. Ihaba (1)

4.5 Lomfundi uyacabanga uveza ukudideka/ukumangala √ labafundi bacasukile ngoba amabhanoyi ababangela umsindo/bathuswa indlela othisha abaphendulana ngayo/bamangaliswe indlela othisha abaphendulana ngayo/ bathuswe ukuthi amabhanoyi hleze awele phezu kwesikole√√. (Nezinye izimpendu ezinembayo zizokwamukelwa) (2)

**[10]**

## UMBUZO 5: IZIMISO NEZAKHIWO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Abayizigwili/Abacebile

Abantu abayizigwili bafundisa izingane zabo ezikoleni ezibizayo.√√ (2)

5.2 Indodakazi kaMgobhozi/Umuntu wesifazane oshadile.√ (1)

5.3 Ozigwaze ngowakhe.√ (1)

5.4 B/Akahlali azinze√ (1)

5.5 Izikole eziningi sezizongathathi isinqumo sokuvala ukuphathwa kwabo emagcekeni esikole.√ (1)

5.6 Aphucwe.

Umfana kuzomelwe aphucwe zonke izinwele ukuze kuphole kahle ingozi esekhanda.√√ (2)

5.7 Izithombe ezingemukelekile zigcina sezibukwa yilaba bafundi.√√ (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Stanmorephysics.com